# *UMLAYEZO EBANDLENI LASELAWODIKEYA*

Ngiyabonga kakhulu. Ngiyabonga. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga, ngomusa. Kuyinhlanhla ukuba lapha eDallas, kulobubusuku. Impela bengibheke ngabomvu ngokulangazela okukhulu ngokubuyela kulesisifundazwe saseTexas futhi.

2 Futhi esikhathini esithize esedlule, ngenkathi ngiseWaterloo, ngahlangana noMfowethu Lindsay, ongimemele ezansi kulengqungquthela ye*Voice of Healing*. Kamuva, eChattanooga ngahlangana nomngane wethu othandekayo, uMfowethu David du Plessis, lokho futhi kungifake ugqozi ukuba ngize, nokuthi ngize futhi ngibe nengxenye kulengqungquthela, ukubona nje leliqembu elihle labantu, kanjalonjalo.

3 Futhi bekukuhle kakhulu kubo ukungicela ukuba ngibe yisikhulumi sasebusuku kulobubusuku obuyisithupha. Ngigeje obubodwa babo ngokungazi ukuthi bekuzoba ntambama, futhi ngiyaxolisa ngalokho, ngoba ngingene edolobheni sekwedlule isikhathi ukuba ngisho ngifike lapha okokukhuluma kwantambama. Kodwa ngempela kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku, nokuzihlanganisa nalengqungquthela ye*Voice of Healing*. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzosinika lokho ngokwedlulele, ngokuchichimayo ngaphezu kwakho konke esingakwenza noma sikucabange.

4 Futhi ngizwa uMfowethu Vineyard, manje nje, njengoba sishayele senyuka, siwelela eFinland, ngiyakholwa, lokho kuyamangalisa. Futhi siyakholwa ukuthi iNkosi yethu iyeza masinyane, futhi manje siyabuthana nje, sikhothoza emasimini i—ingxenye eshiyiwe, njengoRuthe ensimini, ngiyethemba, sibutha lokho okusindisekayo, noNkulunkulu umisele ukuPhila okuPhakade, sizama ukubuthela lokho. Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi siphila e, ngolunye lwezinsuku ezinkulu kunazo zonke umuntu ake aphila kuzo, ngaphambi nje kokufika kweNkosi.

5 Lokhu ukuvakasha kwami kwesithathu eDallas, ngiyakholwa. Ngake ngabanomfundisi, ngiyakhohlwa nje, ngicabanga ukuthi igama lakhe kwakunguMfowethu Goff, wayenebandla elincane phandle lapha, ngiyakholwa, ngale eDallas, elikahle. Bese kuthi-ke, ngifika ngesinye isikhathi kwenye inkundla yezemidlalo, noma okuthize lapha, noma okunye. . .Ngiyakhohlwa ukuthi igama lendawo kwakuyini

[Umfowethu uthi, "Fair Park."—Umhl.], Fair Park, kunjalo impela, mnumzane. Futhi—futhi manje-ke lokhu, ngiyacabanga, sekuyisikhathi sethu sesithathu. Futhi siyajabula ukuba lapha kulobubusuku futhi ngishumayele kuze kube ngoLwesihlanu ebusuku, iNkosi ithanda.

6 Kodwa ngempela kungenza ngizizwe ngingekho endaweni, noma ngimncane, njengomdala nje, ngingakubiza ngani eNingizimu, umshumayeli ongenanhlonipho. Bangaki owaziyo ukuthi yini amahlashana amasassafras na? He! Nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky na? Ngakho lapha lapho . . . Futhi phezulu lapha ukukhuluma phambi kwalababefundisi abakahle nokuba yisikhulumi sakusihlwa, ngempela kungenza ngizizwe ngikahle.

7 Futhi ukucabanga ukuthi amaningi alamadoda lapha ayesensimini eshumayela ngenkathi ngisengumfana oyisoni, ngigijima imijaho yamahhashi, ngakho, noma phandle eringini yesibhakela ndawondawo, nokwazi ukuthi benza indlela yacaca ukuze ngikwazi ukugijima phezu komgwaqo obushelelezi! Ngakho ngiyabonga ngabazalwane bami, kulobubusuku. Futhi ngithemba ukuthi lowomzamo omncane engingawubeka, lowo uzoba yisibusiso kubo bonke, ukwenza isoni siqonde ukuthi siyisoni, nokwenza ongcwele athokoze kuKristu, ukwenza abagulayo bazi ukuthi ukhona uMphulukisi, nakubazalwane bami ukuba baphefumulelwe, lokho nguku—ukuqhubekela phambili ngokulangazelela okukhulu kunanini ngaphambili. Niyabo?

8 Manje, ngi . . . Kusobala niyazi njengoba ngingakaze okwamanje . . . Ngagcotshwa ebandleni iMissionary Baptisti. Futhi emva kokushiya ibandla iMissionary Baptisti, angikaze ngithathe noma yikuphi ukuzihlanganisa nanoma yimaphi amabandla kusukela lapho, noma yiliphi ihlelo elithize, ngoba ngizama ukuma ngqo esikhaleni phakathi kwawo onke futhi ngithi, "Singabazalwane." Futhi ngiyakukholwa lokho namanje kulobubusuku, ukuthi singabazalwane. Futhi ngakho, ngakho-ke, angimeleli noma yiliphi ibandla elithile lehlelo, kodwa ngimele iBandla *uqobo*: iBandla leNkosi uJesu Kristu. Yilapho nonke ningabakhona, kulowoMzimba omkhulu kaKristu.

9 Futhi sibheke lolosuku ukuba lufike lapho Eyohlwitha iBandla laKhe futhi aye eKhaya. INkosi ithanda, kuleliviki ngifuna ukukhuluma ngokunye kwalokho, ngokuthi *Kusondele Kanjani Ukuhamba KweBandla Na?*, *Isandla Esiloba Odongeni*, nokuthi *Ukuhlanga Ngaphansi KukaNkulunkulu*, nezinto ezimbalwa zalolohlobo, iNkosi ithanda, kulawa, leliviki elizayo.

10 Manje, ngikholwa ukuthi *Lesi* yisisekelo seqiniso, iBhayibheli. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wenza izinto eziningi engekho eBhayibhelini, Angenza noma yini, ngoba UnguNkulunkulu, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi

iMfundiso ifanele iphume emBhalweni, ukuthi Leyo yiNcwadi kaNkulunkulu kithi.

11 Manje, eTestamenteni eLidala babenezindlela ezimbili noma ezintathu zokwazi ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha, futhi lokho ngukuthi babeyobuyela kulokho ababekubiza nge-Urimi neThumimi. Futhi lokho kwakungukuthi, ngitsheliwe ukuthi leso kwakuyisivikelo sesifuba u-Aroni ayenaso esasina—namatshe ayishumi nambili kuso. Bese kuthi-ke lapho umprofethi eprofetha noma umphuphi exoxe iphupho lakhe, futhi—futhi akazange, isibumbatha sezinkanyiso, kulokoza kule-Urimi neThumimi, khona-ke umprofethi wayenephutha. Niyabo, uNkulunkulu njalo wayenendlela yokuphendula okungaphezu kwemvelo, njalo iqiniso liyaziwa. Ngakho uma lokho bekungeke kubaneke, khona-ke indoda, umprofethi wayenephutha.

12 Futhi manje, emva kokuba lobobupristi sekuqediwe ngabo, futhi, sinobupristi obusha kulobubusuku, uJesu Kristu engumPristi oMkhulu, sine-Urimi neThumimi entsha, futhi lelo yiBhayibheli. "Susa noma wenezele kukho, okufanayo kuyosuswa eNcwadini yokuPhila." Ngakho sizozama ngamandla ethu onke ngosizo lukaNkulunkulu ukuba sihlale ngqo kulamakhasi. Bengihlale ngisho lokhu: Angifuni okuncane kunoma uNkulunkulu enakho eBhayibhelini, futhi mina, kodwa ngifuna konke Anakho eBhayibhelini, zonke nje izithembiso eziqondene nathi.

13 Ngakho ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe okwendikimba yethu, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

14 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, kuyinhlanhla enhle kakhulu, kulobubusuku, esinayo yokuma eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu, phansi kwalelithende elikhulu lapho abantwana baKho bebuthene ndawonye kungabi ngenye inhloso kodwa ukuzwa iZwi nokubona ukunyakaza kukaNkulunkulu oPhilayo. Futhi sizocela kulobubusuku ukuthi Uzothululela izibusiso zaKho phezu kwethu nge—ngendlela enkulu.

15 Guqula izindlela zethu zokucabanga, uma ziyiphutha, Nkosi, futhi hlela ukucabanga kwethu eNdodaneni yaKho, iNkosi uJesu, kwangathi izinhliziyo zethu zingagcwaliswa ngoBukhona baKhe. Futhi lapho sesihamba kulobubusuku sisuka emhlanganweni, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

16 Futhi manje, Baba, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha nje lamazwi ambalwa azofundwa futhi uzothulula ingqikithi yawo kuzo zonke izinhliziyo. Siphe khona, Nkosi. Ngisize, Baba, njengoba ngimi lapha, ukuze umphefumulo wami

uthokoze eBukhoneni baKho obubusisiwe. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

17 Kulobubusuku, ukuqala ingxenye yami yalengqungquthela yokukhuluma, ngikhethe indikimba encane etholakala ngale eNcwadini yeSambulo, nina eniyimakayo, eSambulweni isahluko 3 nevesi 20, Ngifisa ukufunda lengxenye yeZwi:

> *Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa izwi lami, futhi* uzovula *umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.*

18 Lendikimba yeSambulo lapha ithi: *UMlayezo Ebandleni LaseLawodikeya.* Okungukuthi ngiyakholwa ngokweqiniso ukuthi, kungesikho ukuba ngowazi isimiselo sezikhathi, impela, kodwa nokho ngiyakholwa ukuthi sisekupheleni kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe okwakhulunywa ngaso. Futhi ngikholwa ukuthi uNyaka weBandla laseLawodikeya wawungunyaka webandla wokugcina, futhi ngicabanga ukuthi yilapho esikhona kulobubusuku. Futhi yingakho ngithathe lokhu kube yindikimba.

19 Futhi abanye bangahle bathi, "Ngani, Mfowethu Branham, lena akuyona yini indikimba encane ye—yeqembu labantu elingaka, nangokwengqungquthela yalelizinga, uma nje ufunda amazwi ambalwa evesini elilodwa elincane lomBhalo na?"

20 Kodwa niyabo, akusibo ubungako bomBhalo, akusibo ubungako bokufundwayo, yilokho okuyikho okubalulekile.

21 Esikhathini esithile esedlule eLouisville, eKentucky, umngane wami omncane wayephezulu ekamelweni elisesitezi ngaphansi kophahla, ekamelweni elidala elisesitezi ngaphansi kophahla, endlini, futhi wayephuthaza, umfana omncane, futhi wakhubeka etrankini elidala. Futhi kulelitranki wathola isitembu esidala sokuposa, cishe isikwele esinguhhafu we-intshi nje. Futhi wacabanga, mhlawumbe, enalokhu engqondweni yakhe ukuthi u-ayisikhilimu ungahle uvele kulesisitembu, ngakho washesha wehla ngesitaladi waya kumngane wakhe owayeqoqa izitembu ezindala, wayesethi kulomngane, "Ngithole esincane, esidala, isitembu esiphuzi, sidala impela, kodwa a—angazi nje ukuthi ngabe lesisitembu sibiza noma yini."

22 Nomqoqi wezitembu wakhipha ingilazi yakhe, wasibuka kancane, futhi ngokushesha wathi, "Ngizokunika idola elilodwa eliyiphepha ngalesisitembu esithize."

23 Futhi kusobala, umfana omncane, engalindele ngaphezu kwamasente amahlanu, ukuthengisa kwenziwa ngokushesha, ngoba lelodola lalisho amakhoni amaningi ka-ayisikhilimu.

24 Ngakho emva kwesikhashana yena, cishe emavikini amabili kamuva lomqoqi wathengisa lesisitembu esithile ngamadola angamakhulu angamashumi amabili nanhlanu, futhi cishe

ezinyangeni eziyisithupha kamuva, sathengiswa ngamadola ayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Futhi niyabo, kwakungesiso isitembu esincane, isiqephu esincane sephepha, yilokho okwakubhalwe kulelophepha okwakusemqoka.

25 Kungaleyondlela ngendikimba yami kulobubusuku: Akusilo iphepha okubhalwe kulo, akusibo ubungako bendikimba, kodwa yilokho okubhalwe kulo, YiZwi likaNkulunkulu oPhilayo. Kusemqoka kakhulu, kuze kuthi onke amaZulu nomhlaba ayodlula, kodwa Lona alisoze ledlula. Niyabo, uNkulunkulu uqaphela onke amazwi amancane esiwafundayo, uNkulunkulu wazi wonke umcabango omncane odabula engqondweni yethu, zonke izenzo ezincane esizenzayo.

26 Futhi ngithi ukucabanga lokhu, ukuthi izikhathi eziningi ibandla ekuxegeni kwalo lifinyelela ekwenzeni izinto, nokucabanga izinto, futhi—futhi lithatha izinto njengoba zinjalo nje, lapho besifanele sikukale esikwenzayo nesikushoyo, besifanele sikucabangisise ngaphambi kokuba sikukhulume.

27 Umama wami omdala waseningizimu wayevame ukungitshela, "Cabanga kabili futhi ukhulume kanye." Yizinto ezincane, ngezinye izikhathi, esizishiya zingenziwanga ezisho okukhulu kakhulu kithi. Singena ekujaheni okukhulu ukugijimisana phezu kwezinto kulonyaka wokuguliswa yimizwa esiphila kuwo, bekuyosifanela, njengeBandla likaNkulunkulu kulobubusuku ukuma futhi silinde umzuzu, sibone ukuthi sikuphi.

28 Esikhathini esithile esedlule, ngangimi eVancouver, eBritish Columbia, noKing George waseNgilandi wayefikile ukuvakashela iCanada, futhi wayehamba ngendlela yakhe ehla ngesitaladi enqoleni, nendlovukazi yakhe enhle ihlezi ngakuye, noMnu. Baxter, omunye wabahambisana bami, wayekhala izinyembezi, ngoba wathi, "Cabanga nje, Mfowethu Branham, inkosi yethu iyedlula!"

29 Futhi ngacabanga, "Uma lokho bekuyokwenza umCanada akhale izinyembezi ngoba uKing George, inkosi ehloniphekile, wayedlula, kuyoba njani lapho uJesu edlula njengeNkosi yamakhosi noMlobokazi waKhe omuhle, iBandla na?"

30 Futhi manje, nje, zonke izikole zaphuma, nothisha banikeza abantwana abancane iflege elincane laseBrithani ukuphephezelisa ukwethembeka kwabo enkosini lapho yedlula. Futhi emva kokuba inkosi isihambile, kwakukhona, esinye sezikole ezithize lapho kwakukho intombazanyana engabuyelanga endaweni yayo, nothisha, ethukile, waphuthuma esitaladini ukuba athole ukuthi kwakwenzekeni kumntwana.

31 Futhi lapho ebuka ngasesitaladini, wathola intombazanyana imi ngasesigxotsheni setelegrafu, nje ikhala izinyembezi ngamandla ayo amancane. Ngakho uthisha uya ngale entombazanyaneni, futhi wathi, "S'thandwa, ukhalelani

kangaka na?" Wathi, "Awukwazanga yini ukuphephezelisa iflege lakho enkosini na?"

Futhi yathi, "Yebo, ngi—ngiliphephezelisile iflege lami enkosini, Thisha."

"Awu," wathi, "awutholanga yini, ukwazi ukumpongoloza, 'Bayede nkosi?'"

Yathi, "Yebo, ngimpongolozile, 'Bayede nkosi,' Thisha."

"Awu," wathi, "awuyibonanga inkosi na?"

Yathi, "Yebo, ngiyibonile inkosi, Thisha."

Wathi, "Awu-ke, ukhalelani kangaka, s'thandwa na?"

Yathi, "Thisha, uyabo, ngiyibonile inkosi, kodwa ngimncane kakhulu, inkosi ayingibonanga."

32 Kodwa kwehluke kanjani ngoJesu! Awudingekile ukuba ube ngu*Bani onguBani*, awudingi ukuba negama lakho encwadini ethize enkulu yohlobo oluthize, akunandaba ukuthi ungubani, uJesu uyakubona, futhi Wazi zonke izenzo ezincane esizenzayo. Yonke into encane oMenzela yona, wonke umnyakazo omncane owenzayo, Uwugcina eNcwadini yaKhe. Uyasazi sonke, noma ngabe sibalulekile kulelizwe, noma asibalulekile, sonke sibalulekile eMbusweni waKhe, noma ngabe sicebile, simpofu, noma onganaki.

33 Niyabo, lokhu futhi ngukuxolelwa. Emaqenjini amancane, ngifunde umBhalo owenele kulobubusuku obuyovala onke amajoyinti ogweva eDallas, lowo obuyobeka onke amabandla ekuphikisaneni, uwabuyisele ngqo enhlanganyelweni eyifeshini endala nemvuselelo, bekuyokwenza.

34 Esikhathini esithile esedlule ezinsukwini zika-Abraham Lincoln wethu odume kakhulu, kwaxoxwa ukuthi kwakukhona isiboshwa ekamu, esagwetshwa intambo ngecala lenhlangano yamazwe esasisenzile. Futhi enye indoda elungileyo yahamba futhi yacela umongameli, "Ungeyixolele lendoda ethize na?" NoMongameli Lincoln, njengoba sonke sazi ukuthi ungumKristu. Indoda yathi, "Mnumzane, uyazi yini ukuthi indoda inomphefumulo ofayo, noma, umphefumulo ongafi ozowuthatha emzimbeni wayo na? Futhi ubungayithatha impilo yayo, futhi yona icela umusa na?"

UMnu. Lincoln, elungiselela ukungena enqoleni yakhe, wabhala isiqephu esincane nje wayesethi, "Ngiyayixolela lendoda. Abraham Lincoln."

Nendoda yaphuthuma yabuyela emuva ngokushesha esitokisini sasejele, yase ithi, "Mnumzane, nginokuxolelwa kwakho okuvela kumongameli wase-United States."

35 Nendoda yambheka, yase ithi, "O, uma lokho bekungukuxolelwa kwangempela, bekuyoba sephepheni elikhulu elinophawu, futhi ibiyoba nazo zonke izinhlobo

ze—zezinhlamvu zegolide kuyo uma ivela kumongameli." Futhi wathi, "Kungani uhlekisa ngami, futhi wazi ukuthi ngizodutshulwa ekuseni ekuphumeni kwelanga na?"

Wathi, "Angihlekisi ngawe, mnumzane. Lena inesiginesha ka-Abraham Lincoln kuyo."

"O," wathi, "lokhu kwenele nje kimi ukuba ngikukholwe." Futhi yala ukuyemukela, futhi yadutshulwa ngokusa okulandelayo.

36 Manje, nakho ukuxolelwa, ngokubanzi, kwabhalwa ngu-Abraham Lincoln ukuthi lomuntu othize wayezoxolelwa nga*lolu*suku neqembu labadubulayo lambulala ngosuku olulandelayo. Laqulwa eZinkantolo zeNhlangano yamazwe, futhi kwaba yilesi isinqumo: Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa.

37 Futhi Leli yiZwi likaNkulunkulu engisanda kulifunda, Lingukuxolelwa kulabo abafuna ukuLemukela njengokuxolelwa, futhi Lingukuphulukisa kulabo abafuna ukuLemukela njengokuphulukiswa. Futhi Lingaba yinoma yisiphi isibusiso esikhulu uNkulunkulu asethembisile, uma sizoLikholwa futhi siLemukele linjalo, niyabo, akunandaba ukuthi Lingusayizi ongakanani, ukuthi hlobo luni lwencwadi Elilotshwe kuyo, inqobo nje uma LiyiZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

38 Lena yinto eyisimanga impela ukubona uMuntu engqongqotha emnyango ukuba abe semiBhalweni. Ngiyamkhohlwa umdwebi nje, noma, igama owadweba isithombe esidumile sikaJesu engqongqotha emnyango, angikwazi ukubiza igama lakhe, ungumdwebi waseGrisi, ngiyakholwa. Futhi lapho. . .Zonke izithombe ezinkulu, ngaphambi kokuba ziphanyekwe ehholo lodumo, zifanele zedlule ehholo labagxeki kuqala.

39 Bese kuthi-ke, kungikhumbuza nje ngeBandla, ngaphambi kokuba iBandla lize liyiswe eNkazimulweni, Lizofanele ledlule i, lelizwe lokugxeka. Futhi ngezinye izikhathi sizama ukugwema, sihoshekele emuva ekugxekweni. Awu, lokho ngukuhlola kuphela, yi—yizigaxa zegolide kuwe, kuyinto uNkulunkulu ayivumele kuwe, ukukuvivinya, nokukuletha kumaphesenti ayikhulu, igolide elicwengekileyo elikhanyayo. "Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa," kusho umBhalo. Ngakho ukugxekwa, siyakwemukela lokho, ngoba yilokho esifanele sibe nakho ukusifaka ezivivinyweni ezivuthayo.

40 Ngakho lomdwebi, ngenkathi isithombe sasihamba sidlula ehholo labagxeki, kwakukhona umgxeki oyedwa owathi, "Mnumzane, ngicabanga ukuthi isithombe sakho sikaKristu sihle. Futhi ngiyacabanga, ema emnyango, nokuhle, futhi, ukulangazelela kokubuka nokulinda ukuthi omunye uyovula,

kodwa," wathi, "kunento eyodwa engalungile, lokho ngukuthi awunaso isibambo saKhe ukuba angene ngaso."

41 Futhi umdwebi wathi, "O, ngasidweba kanjalo. Uyabo, kululudaba isibambo singaphakathi, uwena ofanele uvule, uKristu uyangqongqotha."

42 Futhi kungaleyondlela kuwo wonke umuntu lapha kulobububusuku ofuna uNkulunkulu nganoma yini, Ungqongqotha emnyango, kodwa ufanele uvule, nguwe ongaphansi kokulawula, ungaphakathi ukuze uvule umnyango. Uma udinga insindiso, uma Engqongqotha, kwemukele, vula umnyango; uma udinga ukuphulukiswa, vula umnyango, yilokho kuphela ofanele ukwenze, khona-ke Uzongena.

43 Khona-ke uma nizoqaphela, umuntu ongqongqotha emnyango uzama ukuthola ukungena. Futhi impela, akukho-muntu obeyongqongqotha emnyango womunye umuntu ngaphandle uma enento ethize ebalulekile, noma into ethize abecabanga ukuthi yayibalulekile, ukuba axoxisane nendoda.

44 Futhi indoda enkulu ingqongqothe eminyango kusukela phansi eminyakeni. Isibonelo nje, emuva ezinsukwini zaseRoma, kwakuyokwenzekani ukuba uCaesar omkhulu, u-Augustus Caesar, ubehlele endlini yomuntukazana futhi ubengqongqothe emnyango na? Nalomuntukazana ubeyofika emnyango, ubeyone ebonile ukuthi ubengubani lowombusi omkhulu, ubeyolala phansi ngobuso bakhe, futhi athi, "Ndoda enkulu, Augustus Caesar omkhulu, ngena endlini yami." Ukuhlonishwa okunje obekuyoba yikho kumuntu ompofu, umuntukazana, ukuba nombusi waseRoma emi emnyango wakhe, lokho bekuyoba ngukuhlonishwa okukhulu.

45 Noma ezinsukwini zika-Adolf Hitler ongasekho, ukuba-ke u-Adolf Hitler wayehlele emnyango womuntukazana, noma umuntu ohamba ngezinyawo waseJalimane, umnyango wesosha futhi wayengqongqothe emnyango walo. Futhi ngenkathi lelisosha livula umnyango futhi labona umbusi omkhulu waseJalimane ngalolosuku emi emnyango walo, lalizofika ekunakeni futhi lashaya indesheni, futhi lathi, "O, Hitler, ngena endlini yami. Noma yini ekulendlu oyifunayo ingeyakho." Ngani na? UHitler wayeyindoda ebalulekile osukwini lwakhe, ikakhulukazi eJalimane, ezinsukwini lapho wayengundlovu kayiphikiswa waseJalimane.

46 Noma ngingasho lokhu: Ukuba-ke uMongameli wethu omkhulu uDwight Eisenhower ubeyobe eze eDallas kulobububusuku, futhi ubengafika endlini yomDemokrati obedlula bonke okhona eDallas na? Bekuyoba ngukuhlonishwa kuwe. Impela. Ungahle ukuba awuvumelananga naye kwezombusazwe, kodwa uDwight Eisenhower ungumongameli wase-United States, uyindoda enkulu. Ngubumqoka bomuntu emnyango engqongqotha okubalulekile. Impela.

47 Futhi nakuba efika futhi wangqongqotha emnyango wakho futhi ungavumelani naye, wathi...ubungeke uthi, “Manje, awume kancane, Mnu. Eisenhower, suka nje emnyango wami, ngingumDemokrati.” Qhabo, mnumzane. Ubuyommema angene. Futhi bekuyokwenzekani na? Kusasa, ngani uDwight Eisenhower ubeyozithoba, ngikholwa ukuthi ungumongameli omkhulu, futhi uma ubeyozithoba ukuba eze emnyango wakho, umuntu ojwayelekile nje, ngani, i—i—ithelevishini ibiyokuqukatha, umhlaba wonke jikelele kusasa ubuyokwazi ukuthi uDwight Eisenhower uza emnyango wendoda ethile empofu eDallas, eTexas, ukuthi uzithobe kanjani ukwenza okunjalo.

48 Noma uma-ke indlovukazi esanda kuvakashela lapha na? Yenyukela eCanada, indlovukazi yaseNgilandi, futhi yehlela e-United States. Ukuba-ke ibifikile komunye weminyango yenu, nina besifazane, lapha na? Mhlawumbe ubuyoyibuka, futhi uthi, “Angikuqondi ukuthi ungubani.”

Futhi yathi, “Ngiyindlovukazi yaseNgilandi.”

49 Nakuba ungesiso isikhonzi sayo, kodwa nokho ubuyohlonishwa ukuba nendlovukazi yaseNgilandi emnyango wakho; noma yimuphi umuntu ubeyokwenza, ngoba ingowesifazane obalulekile, iyindlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni, phezu kwenkulu kunazo zonke... Leyo yindlovukazi enkulu kunazo zonke eyaziwayo emhlabeni, yindlovukazi yaseNgilandi. Ngani, ubuyothi, “Ngena, Ndlovukazi, futhi ubuke indlu yami. Futhi uma kukhona noma yini lapha oyifisayo, ungaba nayo.”

50 Ukube bekukade kukhona ubucwebe obuncane obushibhile eshalofini ugogo wakho ayebugodlile ekunika khona, futhi uma ibikucelile, ubuyoyivumela ibe nakho, ngenxa yokubaluleka kwayo, ingowesifazane omkhulu. Bekuyoba ngukuhlonishwa ukunikela ngaleligugu elincane endlovukazini yaseNgilandi, impela, ngenxa yokubaluleka kwayo.

51 Kodwa, o, mfowethu, dadewethu, nakhu engize lapha ukuba ngikusho: Ubani osemqoka ukungqongqotha emnyango wakho kunoJesu na? Futhi ubani futhi oxoshwe kunoJesu na? Uxoshwa ukwedlula bonke omongameli, ondlovu kayiphikiswa, namakhosi ezweni lonke elake laxoshwa, UJesu usexoshiwe kakhulu. Indlovukazi, undlovu kayiphikiswa, angahle ukuba ulethe okuthile kuwe, noma ekuthathela okuthile, kodwa uJesu eza emnyango wakho, ufuna ukukunika okuthize: into enhle ukwedlula zonke obungayemukela, ukuPhila okuPhakade, futhi Usukile emnyango. O, kuyinto esabekayo!

52 Uma owesilisa noma owesifazane ubeyoma kuphela futhi acabange umzuzwana nje, ukuthi iNkosi yeNkazimulo, iNkosi yokuPhila, iNdodana kaNkulunkulu oPhakade ingqongqotha

enhliziyweni yomuntu osazokufa ukuba imnike into enhle, futhi uMxoshile.

53 Sonke isithembiso sobuNkulunkulu eBhayibhelini singesakho kulobubusuku, uma ukukholwa kukaNkulunkulu kungqongqotha enhliziyweni yakho, khona-ke ungaba nakho. Kungani besingakhathazeka na? Kungani besingazama ukuthi, "Awu, ngiyesaba nje ukuthi ngeke kwenzeke"? Besingake sikuqonde kanjani lokho engqondweni yethu, lapho iNkosi yeNkazimulo yakwethembisa, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu na? "Ngimi emnyango ngingqongqotha, futhi uma noma yimuphi umuntu ezoNgizwa, futhi avule umnyango, Ngiyakungena futhi ngidle naye."

54 Manje, *ukudla* lapha kusho, "ukuxoxisana noma ukuhlanganyela." UJesu ufuna inhlanganyelo. Yilokho inhliziyo kaNkulunkulu ekulangazelelayo kulobubusuku. Uyakulangazelela eDallas nakuyo yonke indawo ezweni, ukuhlakazeka kobandlululo, ukuhlanza kusukela epulpiti, yonke indlela kuya ekamelweni elingaphansi, nemvuselelo eyifeshini endala eyonyakazisa amahlelo ndawonye, futhi yenze iBandla langempela likaNkulunkulu oPhilayo. Uxhawulana neHoliness, amaBaptisti, amaMethodisti, amaPentecostal, amaNazarene, Ulangazelela ukungena ukuba abe nenhlanganyelo kubantu baKhe, angene ukuzoxoxisana nokukulethela into enhle, kodwa ibandla nabantu bayaMqhelisa, niyaMala, ngoba uthi, "Awu, leloqembu alikholwa njengoba nje ngenza."

55 Kwenza mehluko muni lokho na? Lokho akuhlangene ngalutho nakho. SingamaKristu, sizelwe ngokusha emndenini ofanayo, isigejane sabantwana, asisoze sabona iso neso, size siMbone ubuso nobuso, futhi siguqulwe futhi senziwe sifane nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo.

56 Sidinga ukubhidlizwa, ukuhlanzwa, ukuhlanzwa kwendlu, nemvuselelo yangempela ukuba iqale, khona-ke iziphiwo, namandla, nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele kungangena eBandleni ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga. UNkulunkulu angakwenza kanjani phezu kweqembu elihlukene na? Asikwazi ukukwenza. UNkulunkulu uyabathanda abantu baKhe, futhi sonke sifanele sihlangane ndawonye, imihlangano emikhulu yemisa, futhi bakhohlwe ukuba yiBaptisti, nePresbyterian, kanjalonjalo.

57 Ungqongqotha emnyango wabo bonke abafayo, lowo ngumsebenzi waKhe, lowo ngowaKhe. . .yilokho Akukhonela lapha. Akekho odlulayo, bonke bayamenywa, abakhubazekile, izinyonga, izishosha, izimpumputhe, nina enihlezi. . .Dallas kulobubusuku. Futhi lonke ibandla lapha, iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, konke oyikho, futhi udonse

phansi leyomehluko emincane bese nihlangana ndawonye, bazothulula izibhedlela ngapha, futhi baqonde ngqo e...?... O, bekuyobangela into ethize ukuba yenzeke ukuthi izihloko zezindaba ziyongena ephepheni, itelevishini iyokusakaza emhlabeni wonke ngenkathi uKristu engena emakhaya ayinkulungwane. Bekuyokwenza, mngani.

58 Ingeyalokho-ke lemihlangano. Lowo ngumqondo walababefundisi abahlezi emsamo lapha. Leyo yinhloso yami yokuba lapha, ngukuzama ukunitshela ukuthi uKristu uyabathanda abantu baKhe. Futhi sifanele sihlangane ndawonye ukwenzela ukunyakaza kukaMoya oNgcwele noHlwitho lweBandla. UNkulunkulu ethanda, kuleliviki, ngizofika kukho.

59 Manje wena uthi, "Mnu. Branham, ngifuna nje wazi ukuthi ngimvumele uJesu wangena esikhathini eside esedlule."

60 Awu, kulokho ngiyabonga, uma uMngenisile. Kodwa manje, kunokuningi kakhulu kunokuMngenisa nje, nokuMvumela abe nendlela yaKhe emva kokuba Esengenile.

61 Uma ungicela endlini yakho, futhi ngangqongqotha emnyango wakho, futhi ngikholwa ukuthi ungithanda kahle ngokwanele, ubuyothi, "Ngena, Mfowethu Branham," bese ungixhawula bese uthi, "ngiyakwemukela."

62 Awu, uma ungitshele ukuthi ngemukelekile, kuneKentucky eyenele kimi ukukholwa ukuthi ngiyomukeleka kunoma yini endlini. Ngiyohamba futhi ngikhumule izicathulo zami, ngizelule nginqamule embhedeni, futhi ngiphumule, uma ngilambile, ngiye ebhokisini lika ayisi bese ngizenzela isemishi, impela. Bengiyozizwa ngemukelekile uma ungitshele ukuthi bengemukelekile.

63 Kodwa lapho ungenisa uJesu, abantu bathatha isimo sokuziphatha esehlukile. Wena uthi, "Jesu, angifuni Ungivumele ngiye esihogweni manje. Awu, ngizoKungenisa emnyango, kodwa Wena hlala lapho emnyango."

64 Manje, niyazi, enhliziyweni yomuntu, emva kokuba Esengene ngomnyango wokuqala, kukhona yonke inqwaba yeminyango emincane nxazonke. Ake sikhulume ngembalwa yaleyo, kungesikho ukulimaza imizwa yenu, kodwa ake sikhulume ngayo nje imizuzu embalwa.

65 Umnyango wokuqala ojikela kuwo ngakwesokudla sakho lapho ungena ngaphakathi, manje, lowo ngumnyango we*Mpilo Yangasese*. Manje wena uthi, "Jesu, Ungangena futhi ungisindise esihogweni, kodwa Ungahambi ukuyozigaxa empilweni yami yangasese. Uyabo, uma Wenza lokho, a—angikwazi nje ukuqhubekela phambili naWe."

66 Yingalesosizathu singafinyeleli ndawo. Uyavuma ukwemukela uhlobo oluthile lombhaphathizo, nezinye

izinkambiso zebandla, kodwa lapho uKristu eqala ukungena futhi ekutshela ukuthi susa isono esisekamu, manje awusakwazi ukudlala amakhadi, futhi angeke uhlale ekhaya njalo ekuseni lapho umhlangano womkhuleko uqhubeka futhi ulalele u-Arthur Godfrey, leloshinga, noma ube nomculo wokuzibinya ka-Elvis Presley endlini, uzibeke wena egcekeni elingemuva bese uthola ukugqunyiswa yilanga, nina badikoni namalungu ebandla enibhema osikilidi, nezinto! Akumangalisi u. . . Akumangalisi uKristu engenakuba nelungelo lendlela enhliziyweni.

67 Ngizo. . .Angifuni ukulimaza imizwa yenu, kodwa kwenzekani ezimilweni zokuziphatha zalelibandla lePentecostal na? Kwakuvamise ukuba yiphutha kinina besifazane ukugunda izinwele zenu, ngiyakukhumbula lokho.

68 Kodwa, futhi manje uthi, "Mshumayeli, nakho lapho uya khona. U—ushaya lokho."

69 Kulungile, uyabona ukuthi impilo yakho yangasese ikuphi na? IBhayibheli limelene nayo. Uma iBhayibheli lasho ukuthi ngezinsuku zikagogo kwakuyiphutha, yiBhayibheli elifanayo kulobubusuku. IBhayibheli lithi uma owesifazane egunda izinwele zakhe umyeni wakhe angehlukanisa naye, uhlazisa ikhanda lakhe. Manje, kunjalo, yilokho umBhalo okushoyo. Manje, kukhona okungalungile ndawo ndawo, kuphakathi kokuthi kusebhentshini noma epulpiti, okukodwa. Kunjalo. Manje, lelo yiqiniso.

70 Manje qaphelani, kwakuvame ukuba kube okungalungile kumanenekazi ngisho ukuba—ukuba agqoke iziketi zawo zibe phansi nangaphambili, futhi phezulu kanjalo, kodwa manje bona, a—abesifazane bePentecostal bagqoka izikhindi. Manje, kunjalo. Ukwenzela ini na?

71 Awu, wena uthi, "Ngeke ngiwagqoke, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

72 Lokho kubi kakhulu. Niyazi iBhayibheli lasho ukuthi owesifazane uyogqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu na?

73 Kungani singabi nayo inkonzo yokuphulukisa nemvuselelo enkulu na? Kusukumeleni. Isono sisemnyango, silapho-ke.

74 Wena uthi, "Awu, ngingowa *lokhu*, futhi ngi. . ."

75 Lokho akuhlangene ngalutho nakho, nguKristu ngeZwi laKhe, engqongqotha enhliziyweni. . .?. . . Yiqiniso.

76 Ezinye zalezi ezindadlana, izingubo ezibukeka zingcolile abesifazane abazigqokayo! "Awu," wena uthi kimi, "Mfowethu Branham, yilolohlobo kuphela abaluthengisayo."

77 Kodwa basalokhu bethengisa imishini yokuthunga nezimpahla. Kunjalo. Ngendlela nje okukufanela ngayo. Futhi ake nginibuze okuthize, bodadewethu: Niyazi ukuthi

nizoba necala lani ngoSuku lokwaHlulelwa na? Ngokuphinga nezoni. IBhayibheli lathi, uJesu, iNkosi yethu ebusisiwe yathi, "Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe, vele." Futhi uma uziveza kanjalo, ungahle ube msulwa njengomnduze kumyeni wakho, noma isoka lakho, kodwa uJesu wathi uphingile nesoni ozethule kuso. Manje, uJesu washo lokho. Ubani onecala na? Waziveza kanjalo.

78 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, ugcona abesifazane."

79 Kulungile, nina madoda: Futhi noma yiyiphi indoda ezovumela umkayo abheme osikilidi futhi agqoke lolohlobo lwezingubo, kukhombisa ukuthi wenziwe ngani. Ufanele ukuba ngumbusi wendlu. Kwenzekeni na? Awukwazi ukwenza amakhaya aseMelika . . . Akumangalisi sinobuhlongandlebe bentsha! Sinobuhlongandlebe babazali, sinobuhlongandlebe bebandla. Impela sinabo. Lelo yiqiniso. Hhayi ukunilimaza, kodwa ukunitshela iqiniso, sifanele sihlanze. Ufanele ube ne—nemvuselelo futhi ukhiphe zonke izilokazana entweni ngaphambi kokuba si . . . UNkulunkulu uyoke angene. Yima emnyango . . .

80 Wena uthi, "Ugxambukela empilweni yami yangasese."

Nakho-ke. Niyabo?

81 Awu khona-ke, unomncane, omunye umnyango omncane othiwa *Ukuziqhenya*. O, he! "Ungaphazamisani nalokho. Manje buka, Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi kukhulu kakhulu namhlanje." Kulungile. Yimpilo yakho yangasese. Wena uthi, "Awunamsebenzi uhlasela empilweni yami yangasese."

82 Yilokho okutshela uKristu. Ngikhuluma eZwini, iZwi liyazikhulumela Lona. Kunjalo.

83 Impilo yangasese, "Mina nje nabakwaJones," niyazi, "mina nehlelo lami." Awunalungelo lokudweba imigqa yobuhlelo ebuzalwaneni. Kunjalo. Kunjalo. Ungahle wehluke ezimfundisweni, kanjalonjalo, okungukuthi kulungile. Ngidla uphaya wamasheri, omunye umuntu udla i-apula, kodwa sidla uphaya ngokufanayo nje. Asinamalungelo o—okudweba imigqa ngoba nje umfo akakholwa nawe, noma ucabange, ibandla noma ihlelo nawe, ngakho "Ngizokwedlula *lokhu*. Ngiyanitshela, angibahambeli labobagingqiki abangcwele." Uma uke waya eZulwini uzohamba nabo. Kunjalo. Impela, kuzoba nenqwaba yabo lapho.

84 "Awu, ngiyiPresbyterian, futhi angiyi . . . "

85 Awu, kulungile. Nakho lapho okhona. Niyabo, uyoMngenisa, uyoMvumela akusindise esihogweni, kodwa ungeke uMvumele abe yiNkosi yakho. *Nkosi* kusho "ukubusa." *Nkosi* kusho "ubunikazi." Lapho Ingena, mayibe yiNkosi yenu.

86 Lomvangeli omkhulu, uBilly Graham, ngangisekudleni kwakhe kwasekuseni eLouisville, emhlanganweni wakhe omkhulu lapho. Ngenkathi ngizwa indoda isukuma, futhi yathatha iBhayibheli, futhi yathi, "*Lesi* yisibonelo," okuyikho, ncamashi, wathi, "ngenkathi uPawulu eyongena emzini, futhi waba nemvuselelo," wathi, "uyabuya cishe emva konyaka, nalowomfo oyedwa asindiswa wayesethole abanye abangamashumi amathathu abasindisiwe." Wathi, "Ngingena edolobheni futhi ngibe nemvuselelo futhi ngibe nezinkulungwane ezingamashumi amabili ezisindisiwe, ngibuyele emuva emavikini ayisithupha kamuva futhi angiwatholi amashumi amabili."

87 Yini indaba na? Nansi indaba: Bavele bashisekele ngobuvangeli nesixuku esikhulu sabantu, yilokho kuphela, kunjalo impela. NamaPentecostal athola ukuba ngokufanayo. Esikudingayo uKristu eyiNkosi...?...eBukhoneni baKhe lapha bese uthi, "Nkosi, ngena."

88 Manje, Washo futhi phakathi lapho, ukuthi kukhona umnyango omncane othiwa *Ukukholwa*. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi ukuvula yonke leminyango, kodwa ngifuna ukuvula, bukani lomnyango omncane woku*Kholwa*.

89 Uyazi, wena uthi, "Awu, manje senginokukholwa, Mfowethu Branham, ngivumela uJesu angene enhliziyweni yami."

90 Ucabanga ukuthi uMenzele ukuhlonishwa. Ngezinye izikhathi uziphatha njengakho. O, into enkulu kangaka oyenzile ngenkathi uvumela uJesu eze emnyango futhi ame lapho. Angeke ame isikhathi eside kakhulu, ungakhathazeki. Niyabo? Bengingeke ngime isikhathi eside, futhi ubungeke ume isikhathi eside endlini yami uma ngithe, "Woza, yima lapha nje. Unganyakazi, ungahambi udlaladlala nganoma yini enye lapha." Ubuyokwazi ukuthi ubungamukelekile. Yingalesosizathu bengekho abangamashumi amabili ezinkulungwaneni ezingamashumi amabili.

91 Manje, sidinga ukuMngenisa, futhi lapho Engena, siMkhonze futhi sithi, "Ngena, Nkosi, yiba nguMsindisi wami, yiba nguNkulunkulu wami, yiba nguMbusi wami, yiba nguMphulukisi wami, yiba ngokwami...yiba yikho konke engi—ngifuna ukukwazi empilweni, yiba, yiba yiNkosi yami. Thatha konke enginakho, Nkosi, futhi ukubuse. Thatha imizwa yami, angeke ngiphinde ngibe namahloni. Thatha ukuziqhenya kwami. Yima emnyango ungigqokise, Nkosi, ngeZwi laKho." Uzobona imvuselelo iqala khona-ke. "Yima empilweni yami yangasese, Nkosi. Ngenze ngibe yilokho Obuyothanda ngibe yikho. Mangingathathi imicabango yami uqobo kodwa ngithathe owaKho, Nkulunkulu. Ngihole, O Nkosi."

92 Akasoze akususa eZwini, Uyokugcina ngqo eZwini laKhe. Hhayi ngoba amaBaptisti ayakwenza, iPentecost iyakwenza,

iPresbyterian, kodwa ngoba iZwi likaNkulunkulu lasho njalo, uyakukholwa.

93 Umuntu oke wazalwa nguMoya kaNkulunkulu uhlangana nento ethize Akalokothi asuke kuwe. Akukho-muntu onelungelo lokushumayela iVangeli, kuze kuthi kuqala ubesezihlabathini ezingcwele kwingemuva logwadule. Kukhona osiyazi bezenkolo kulomhlaba okhaliphile nonobuqili, futhi angachaza asuse yonke into, asuse yonke into, ngisho neBhayibheli lonke. Bangahle basonte ingqondo yakho nakho konke okunye, kodwa uma uke wavumela uNkulunkulu angene enhliziyweni yakho ngokugcwele, futhi uthole leso sehlakalo sangemuva kogwadule, khona-ke, mfowethu, bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazi ukuza kulowomhlabathi lapho wena . . . ? . . . Kuyinto yangempela.

94 Lomnyango omncane wokukholwa! "O," wena uthi, "Mshumayeli, ngiyazi nina bantu niyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kodwa ukukholwa kwami akukufundisi lokho."

95 Khona-ke unokukholwa okungalungile. Niyabo, uma uvumela uJesu angene, angeke usasho ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." UJesu uphakathi lapho, futhi Uyisimangaliso, UnguMenzi wezimangaliso. Futhi Ulethe izimangaliso ezikhona lapho enhliziyweni yakho, zikhona nje njengoba zazinjalo ngenkathi Ehamba eGalile. Qiniso. Ulapho.

96 Yingalesosizathu abantu bengayikuMngenisa. Mvumele ame kulowomnyango kanye, sebenzisa ukukholwa kukaNkulunkulu, kungokwakho. Uma uzalwe ngokusha futhi wavumela uKristu angene emnyango, Uyoma ngqo emnyango, futhi athi, "Nginguye izolo, namuhla, naphakade." Kunjalo. Lonke iZwi engilishilo liyingxenye yaKhe. "Angi . . . NginguMsindisi wenu, ngiyiNkosi yenu, NginguMphulukisi wenu, NgiyiNjabulo yenu, NgiyiMithombo yokuPhila, Ngingu-Alfa, u-Omega, Ngingukuvuka kwakho ekuseni, Ngingukuyolala kwakho ebusuku."

97 Njengoba uDavide athi, "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi, ngokuba Wena unami. Uma ngendlala umbhede wami esihogweni, Uyoba lapho." Esikudingayo: imvuselelo eyifeshini endala. Kuyiqiniso kanjani!

98 Qaphelani manje, enye nje into, Washo phakathi lapha kuloNyaka weBandla laseLawodikeya esiphila kuwo manje, Wathi, "Ngiyakweluleka ukuba uze uthenge kiMi, igolide elihle." Wathi, "Uthi ucebile." Manje, licebe kangakanani ibandla namhlanje na? Izakhiwo ezinkulu kunazo zonke elake laba nazo, imali eningi kakhulu elake laba nayo. "Wena uthi, 'Ngicebile, futhi angisweli lutho,' kanti kawazi ukuthi uhamba-ze, ungowokuhawukelwa, uphuphuthekile, umpofu,

futhi ulusizi, kanti kawazi." Kuyini na? "Ngi..." Futhi awukwazi.

99 Manje, uma ubone indoda yehla ngesitaladi ebilusizi, ihamba-ze, iyimpumputhe, futhi ubungagijimela kuyo, uthi, "Mnumzane, uhamba-ze."

"O, ngihamba-ze, mnumzane na? Awu," yathi, "Ngizo... Ngisize na?"

100 "Nginosizo lwakho lapha, futhi ngena ngokukhulu ukushesha, ake ngikugqokise." Awu, uma—uma ibi...Uma ibiyokulalela, kulungile. Kodwa uma-ke indoda ikulesosimo futhi ingakwazi na? NeBhayibheli lasho ukuthi lonyaka webandla wokugcina uyoba ngaleyondlela.

101 Nani bantu bePentecostal, ninamabandla amahle kunawo onke enake nabanawo, futhi ubuyoba ngcono kakhulu ezansi emishini nge, esitaladini ezansi lapha, nekani elincane, likasheleni, ushaya izigubhu, noma *enye into ethize* efana naleyo, ubiza izoni ukuba ziphenduke, kunoma ubuyoba njalo kulamabandla amakhulukazi eninawo, ephenduka amakhaza ezidumbu. Uyazi ukuthi kunjalo.

102 Manje, manje, angiqondile ukulimaza imizwa yenu, ngingumfowenu, futhi nginitshela iqiniso nje. Ibandla laseLawodikeya...Yingalesosizathu ngishilo ngani besifazane niziphakamisa, nina besifazane bePentecostal nifake lobo buqhathanzipho ebusweni benu, niyazi, awu leyonto, noma ngabe kuyini, awukudingi lokho, qhabo, mnumzane, lokho ngokukadeveli, yikho impela.

103 Ake nginitshele, munye kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe, negama lakhe kwakunguJezibele, noNkulunkulu wamphakela izinja, ngakho, niyabo, kuyinyama yenja ukupenda ubuso bakho kanjalo. Angiqondile lokho kube ihlaya. Aku—akusiyo indawo yokwenza ihlaya, mngane. Nginitshela iqiniso nje. Kungumkhuba wabahedeni. Kwenzekeni na?

104 Manje, Lasho ukuthi, "Owokuhawukelwa, olusizi, ophuphuthekile, kanti kawazi.

105 Ngakhulela eKentucky endlini endala yezingcwecwe zamapulangwe okuvimbela isimo sezulu, noMama wayevame ukusithatha sonke oBranham abancane futhi asinamathisele sonke embhedeni owodwa, cishe ebathathu onyaweni, nabathathu ekhanda, futhi cishe abathathu bevundle maphakathi. Futhi wayeyo...Futhi sasinesiqeshana nje sikaseyili omdala esasiwubeka phezu kombhede ukuvimbela iqhwa nemvula emehlweni ethu. Futhi umsinga wawufika ngesikhathi sasebusuku lapho lowomoya obandayo udlula, ngezinye izikhathi, uMama wayekubiza *ngobhici*, amakhaza ayengena emehlweni ethu, futhi kwakuhlanganisa amehlo ethu

ndawonye. Futhi ngangingomdala kunabo bonke, futhi wayethi, "Billy, yehla."

Ngiyothi, "Mama, angiboni, amehlo ami anamathelene."

Futhi umfowethu omncane, u-Edward, wayethi, "Nami angiboni, Mama."

106 Niyabo, sasibanjwe amakhaza emehlweni ethu, futhi—futhi bathola ukungenwa yisifo esithelelanayo, futhi kwahlanganisa amajwabu amehlo ethu. Nomkhulu wami wayengumzingeli wezinyamazane ezifana negqalashu, futhi wayevame ukubamba izinyamazane ezifana negqalashu, amagqalashu, futhi azikhiphe futhi wayekhipha amafutha kuzo. Futhi uMama wayehamba athathe lelopani elidala, alibeke esitofini, lawomafutha enyamazane efana negqalashu, wayewathola kahle ngempela futhi eshisa, enyukele lapho, futhi asihlikihle amehlo ethu futhi—futhi—emva kwesikhashana ayevuleka. Angazi ukuthi kwenzekani, kodwa kwathambisa u—ubhici emehlweni ethu, futhi—futhi sasikwazi ukubona.

107 Ngiyakutshela, mfowethu, kubekhona amakhaza ebandleni, nebandla lePentecostal libanjwe ukubanda okubi ndawondawo. Futhi kuzothatha ngaphezu kwamafutha enyamazane efana negqalashu ukuvula amehlo awo...?...UNkulunkulu wathi, "Ngiyakweluleka, Ngizokunika umuthi wamehlo, nalowomuthi wokugcoba amehlo uzovula amehlo akho." Futhi uma ukushunyayelwa kweZwi kungakwenzi, angiwazi omunye umuthi wamehlo. UMoya oNgcwele ufudumeza iZwi, futhi kulobubusuku kulolonke iBandla...neBandla liyalithanda leloZwi, impela, futhi Livula amehlo, khona-ke ungabona.

108 Sibe no—nomsinga omncane ovela ebandleni ndawondawo, ngicabanga ukuthi sifanele sehlukane, futhi senza, "Ngiyi*lokhu* futhi ngiyi*lokho*." Ngiyazibuza ukuthi siyini empeleni. Niyabo? O, ukuba kuphela ubukwazi, mngani, ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu uNkulunkulu azama ukuwathola! Ninamehlo enu enobhici, yilokho kuphela. UNkulunkulu sithumelele umuthi wokugcoba amehlo, yilokho esikufunayo kulemvuselelo lapha ukuthola amehlo evulekile.

109 Qalazani, nibone ukuthi uNkulunkulu ubemuhle kanjani kithi. "Ngimi emnyango ngingqongqotha, futhi uma noma yimuphi umuntu ezozwa iPhimbo laMi, futhi avule umnyango, Ngizongena, ngixoxisane naye. Uma iBaptisti izoLizwa, uma iMethodisti izoLizwa, uma iPentecost izoLizwa, uma iNazarene, iPilgrim Holiness, Ngizongena, Ngizofaka amafutha amancane phezu kwamehlo akho futhi ngivule amehlo akho ukuba ngikubonise ukuthi sikuphi."

110 O, niyazi ibandla lePentecostal libe nemvuselelo. Ngenkathi lomfundisi omncane esikhashaneni esedlule, omncane, umfowethu oyiJuda lapha, ongethule ngokuhola imvuselelo... Sibe nemvuselelo emangalisayo, angazi noma nini emlandweni

kube nemvuselelo njengoba bekuyiyo lonyaka wePentecostal. Kunjalo. Kukhona imililo yemvuselelo evuthayo kuzo zonke izizwe phansi kweZulu kulobubusuku. Kunjalo. Sisesikhathini sokuphela; kuyamangalisa. Futhi thina . . .

111 Ake ngisho kini bantu lapha eDallas, ikomkhulu lalamabandla amakhulu, nabantu abakhulu, manje, ningaphatheki kabi ngoba ngisho lezizinto njengoba kade ngizisho, ngikusho kube ngokusizayo kini futhi kube ngokusizayo kweVangeli, bangane.

112 Manje bukani, khona-ke singaba nezinkonzo zangempela zokuphulukisa, khona-ke singaba nento ethize yangempela eyenzekayo lapho sibhidliza izindonga zethu ezincane, futhi siziqondise, futhi sigeze ubuso bethu, futhi sizithintithe, size e, futhi singene ngaphansi kwesiphambano, kunjalo, khona-ke uNkulunkulu uzosibusisa, khona-ke amaculo aseZiyoni azobuyisa izibusiso eziyifeshini endala ebesizilangazelela. UNkulunkulu une . . . Izibhakabhaka zePentecostal zigcwele khona. Kungani besingamukela isibambiso lapho izinto zangempela seziseduze na? Asikho isidingo. Kodwa niyazi ukuthini? Ukuthi sibone okuningi kakhulu, sesize salahlekelwa inani lalokho esinakho.

113 Ngesinye isikhathi kwakukhona indoda yehlela olwandle, yayifuna ukuphumula okuncane, yayingakaze ilubone ulwandle, yayikade ikhuliswe cishe ezweni eliwugwadule, futhi yayisendleleni yayo iya olwandle. Futhi yathi, "Ngiyehla, ngilangazelela nje ukuhogela umoya kasawoti, futhi ngibone amakhulu, amagagasi anosawoti, lapho egxumela emoyeni futhi ehlakazeka, futhi izulu liluhlaza okwesibhakabhaka, likhanya phansi phezu kwamanzi anosawoti liwenza abe luhlaza sasibhakabhaka, uzwe ukumemeza kwasendle kwezinyoni zasolwandle lapho zizungeze ulwandle. Ngilangazelela ukukuzwa nokukubona. Kuyoba okuletha ukuthula kakhulu kimi, ngokuba ngizwile ukuthi izinto ezinjalo zikhona."

114 Ngakho yalungiselela ukuya ogwini lolwandle. Ngaphambi nje kokuba ifike ogwini lolwandle, yahlangana nosawoti omdala ubuya, okuchaza itilosi elidala, futhi lathi, "Uyaphi, muntu wami olungileyo na?"

Yathi, "Ngiya ogwini lolwandle, mnumzane." Yathi, "Ngiyobona amagagasi amakhulu," futhi yalichazela ukuthi inhliziyo yayo iyoxhuxhuma kanjani ukubona kuphela lezozinto.

115 Nosawoti omdala wathi, "Manje, ngazalelwa kulololwandle," wathi, "Ngazalelwa emkhunjini," wathi, "futhi ngiwabhekisisile lawomagagasi iminyaka engamashumi amane futhi ngezwa lezozinyoni zasolwandle zimpongoloza, angiboni lutho oluxhuxhumisayo ngakho." Niyabo, wayekubone

kakhulu impela, kwaze kwaba ngokwejwayelekile, yileyondlela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

116 Omunye ungitshele ukuthi umshumayeli omncane ukhulekele intombazane encane lapha izolo, futhi amayintshi amabili noma amathathu akhula emlenzeni wayo. Bakithi, lokho bekufanele kokhele lendawo, impela, bekufanele. INkosi ilapha, omkhulu, uKristu onamandla kaNkulunkulu Obusa amaZulu nomhlaba ukhona futhi angenza izinto ezinkulu nezinamandla uma nje sizoMkholwa.

117 Anikukholwa na? Impela, uma nje sizoMkholwa, sibe nokukholwa futhi sithi, "Nkulunkulu, uma nje Uzovula amehlo ethu kulobubusuku, asibone inkazimulo yaKho, Baba Nkulunkulu, khona-ke sizokwenza . . . sizobona izinto ezinkulu, kodwa Ungakwenza kanjani ngaphandle uma amehlo ethu evuleka." Akunjalo na? Sifanele sibe nakho.

118 Futhi sibona izimangaliso eziningi ezinkulu kakhulu zenzeka ukuthi, sibona abantu bememeza futhi bedumisa iNkosi, futhi nokho nje siyehluleka ukukubuka. Akunjalo na? Qiniso. Ukunyakaza okukhulu nokunamandla, kuba ngokwejwayelekile kithi, kujwayeleke kakhulu nje ukuthi asinaki.

119 Esikhathini esithize esedlule, ezansi eLouisiana, noma, ngikholwa ukuthi kwakuseGeorgia, omdala, umshumayeli oyikhaladi engangimazi, wayeyindoda endala enkulu, umphefumulo omkhulu, kodwa wayenekhehla elaliya e . . . umkakhe wayeya esontweni, futhi wayengomesabayo uNkulunkulu, ongcwele, owesifazane omdala. Wathi wayesekhulekele umyeni wakhe isikhathi eside, kodwa . . . Igama lakhe kwakunguGabriyeli, kodwa babembiza ngoGabe ngokufingqa. Ngakho, abakwazanga nje ukuthola uGabe omdala aqondiswe, *ngandlela-thize enye* abakwazanga ukumqondisa ngebandla nangoNkulunkulu.

120 Futhi ngakho lomshumayeli omdala oyikhaladi wayehamba noGabe omdala ezingela naye izikhathi eziningi futhi babephuma bayozingela. Ngakho ngoluny'usuku babekade bezingela futhi besendleleni bebuya, o, bobabili babenonogwaja nezinyoni yayilenga phezu kwabo waze wangakwazi ngisho nokuhamba, kal'khuni, nje bethwele kanzima. Babeza ngendlela ethile endala, indlela ejwayelekile, futhi lapho behamba ngalendlela, umfundisi wayelokhu ebuka emuva ngasentshonalanga lapho ilanga lase lishona.

121 Mfowethu, ngiyakutshela, ibandla belifanele lazi ukuthi sekuyisikhathi sokushona kwelanga, ilanga liyashona. Ziyini lezizibusiso esizibonayo na? Wathini umprofethi na? "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Nhloboni yokuKhanya na? Lihamba kanjani ilanga na? Liphuma ngokushesha empumalanga futhi lishona entshonalanga. Nempucuko yavuka

empumalanga futhi yaya ngasentshonalanga. *IMpumalanga NeNtshonalanga Kuhlangane Ndawonye*, ngizoshumayela ngalokho kuleliviki, iNkosi ithanda.

122 Manje qaphelani, nokukhanya okufanayo, lapho ilanga liphuma futhi likhanya empumalanga, ilanga elifanayo likhanya entshonalanga. Niyakuthola na? IBhayibheli lasho, noma, umprofethi wathi kuyobakhona usuku olungayikuba yimini noma ubusuku, isikhathi esihwaqabele, isikhathi esihwaqabele nje. Sibe nokuKhanya okwenele ukujoyina ibandla, futhi sakhe inhlangano, amabandla amahle, sibe nalokho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kodwa uNkulunkulu wethembisa ngesikhathi sokuhlwa ukuthi kuyoba ngukuKhanya. Futhi kuyini na? UkuKhanya okufanayo okwehlela ngaseMpumalanga, uMoya oNgcwele ofanayo owehla ePhentekoste, uletha imiphumela efanayo, wehlela kubantu baseNtshonalanga namhlanje, uletha imiphumela efanayo okuyibuyisile emuva lapho; kuyoba ngukuKhanya.

123 Futhi lapho ebuka ngasentshonalanga, omdala onsundu ehamba ngapho, wathinta umfundisi ehlombe, umshumayeli waqalaza, wabona uGabe omdala, nezinyembezi zazehla ezihlathini zakhe, wayesethi, "Mfundisi, namhlanje nguMgqibelo, futhi kusasa ekuseni uzongithola ebhentshini labalilayo. Futhi ngizozitholela isihlalo eceleni komkami othandekayo, emuva lapho kulelobandla, lapho ngiyohlala ngithembekile uNkulunkulu aze athathe impilo yami.

124 Umfundisi wajabula kakhulu ukuzwa lokho, wathi, "Gabe, uyazi ukuthi ngiyakuthakasela lokho. Ngiyathanda ukukuzwa usho lokho, Gabe! Kodwa yini ebangele ushintsho olusheshayo na? Ngabe kubeyintshumayelo engayishumayela na? Ngabe kubeyizinto engikhulume kuwe ngazo, ukulunga kweNkosi na?"

125 Wathi, "Qhabo, Mfundisi, eza ngqo ngakulokho kugoba phansi ngaleya, ngizwe okuthile kungqongqotha enhliziyweni yami." Wathi, "Uyazi, Mfundisi, a—angikwazanga ukushaya inqolobane," wathi, "Ngingohluleka ukudubula kunabo bonke ezweni, futhi nokho, buka nje kulenga kimi, konogwaja nezinyoni engizitholele zona." Wathi, "Ufanele angithande, kungenjalo Ubengeke anginike zona."

126 Encane, into elula kanjalo, nokungqongqotha kukaKristu enhliziyweni: "Gabe, bengisekubukeni ngesibhamu sakho namhlanje."

127 Kuthiwani ngawe kulobubusuku na? Kuthiwani ngawe obushayela phezulu ngezimoto ezinhle na? Kuthiwani ngani eniya emabandleni amahle na? Kuthiwani ngawe ohlezi lapha unempilo enhle, hhayi njengalowomntwana omncane elele lapho, esontekile ohlakeni lwakhe lombhede na? Kuthiwani ngawe, nenekazi eliselincane, ohlezi lapha unempilo enhle, entombazaneni encane egulayo esakhiweni lapho, umntwana

omncane obukeka enokugogobala, intombazane na? Awazi yini ukuthi lowo nguNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho ukuba athi, "Kumnandi ukukubona"? Ngukulunga kwaKhe.

128 Udla idina lakho langeSonto izolo. . .Ngama ezinyangeni ezimbalwa ezedlule eBombay, eNdiya, lapho engangishumayela khona cishe emiphefumulweni eyingxenye yesigidi, futhi ngibona labomama abancane nezingane zabo ezincane, izisu zazo ezincane zikhukhumele, bebulawa ukulamba! Ukuthi udoti wakho owuhhala ngekani uyobondla. Anazi yini ukuthi lowo nguNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yenu na?

129 Futhi lapha uzothi, "Awu, ngiyasonta, Mfowethu Branham."

130 Ukubandlulula, ukunganaki, umnyango uvaliwe. O, uma lonke leliqembu labantu abacishe babe yinkulungwane lapha kulobubusuku, mhlawumbe bengebaningi kangako, uma ubuyovula yonke iminyango enhliziyweni yakho kuJesu Kristu kulobubusuku bekuyobakhona imvuselelo ebhobokela kulobubusuku obumbalwa obulandelayo obuyohlela izihloko zephephandaba, uKristu ubeyofika.

131 Ufuna lokho, leso yisifiso sikaNkulunkulu kulobubusuku ngaphezu kwakho konke, ngukuba neBandla laKhe limunye. Engqongqotha emnyango wakho, abefundisi abakahle, izingubo ezinhle, izimoto ezinhle, imisebenzi emihle, futhi, o, uKristu omangalisayo emi emnyango. AwuMvumeli ngani angene na? Mvumele angene.

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje.

132 Onke amehlo mawavalwe uma nithanda. Ngiyamangala nje, ngaphambi nje kokuba sibe nomkhuleko, ngabe bakhona abanye phakathi lapha obuyophakamisa isandla sakho, futhi uthi, "Mfowethu Branham, angisiphakamisi isandla sami kuwe, ngisiphakamisa kuNkulunkulu, ngoba ngi—ngikuzwile lokho ndawondawo, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngizwe ukungqongqotha okuncane emnyango wami. Angiyiphilanga impilo ebengifanele ngiyiphile, Mfowethu Branham, ngibe nobandlululo, ngiyilunga lebandla. Bengi—ngifanele ngenze kangcono, ngiyazi ukuthi bengifanele. Ngiqophisane nomakhelwane bami, Ngiye ngaphikisana namabandla ehlukene mayelana nezimfundiso zawo, ngi—ngithethisile, angi—angizange ngiphile ngendlela ebengifanele ngiphile ngayo. Ngi—ngiyazi bengingafanele ngenze izinto engizenzile, kodwa ngomusa kaNkulunkulu ngizovumela iminyango ivuleke kulobubusuku, NgizoMvumela abe yiNkosi yami kusukela kulelihora kuqhubeke, futhi ngizokuhlosa lokhu, Mfowethu Branham. Angiphakamiseli isandla sami kuwe, ngiphakamisela isandla sami kuKristu. Ngizoza, Nkosi," futhi mangikukhumbule emkhulekweni?

133 Ngokuthula manje, ngenkathi wonke umuntu esesemkhulekweni. Ningaziphakamisa nje izandla zenu kuso sonke isakhiwo na? O, yilokho-ke. Hlalani nithule.

